Items of Swazi custom (Waschbank) 1/32

8785 (48) ~~A13/3/~~21 K/13/ K13/21 B. W. Vilakazi.

1 b

1 Ukugana kwentombi kwa Ngwane kwelase Swazi.

Ukugana amaSwazi, kwala ngisho umntwana emncane e zelwe uyaganiswa. Uma bemu bona ukuthi umntwana muhle bayaye baye kuyise bamcele u kuba abaganisele lowomntwana. Onumye, avume onmnye a ngavumi uma ukuthi ufunwa umuntu angamuthandiyo. Uma uvumile usuzolobolisa ku lomuntu ofuna umntanakho. Uzombiza ngokuthanda, noma amashumi amabili uma uyi sikhulu wena. Uma ungeso na uzombiza ishumi nenquthu kamina. Akunacala ukuthi umntwana usemncane. Usu yazithatha izinkomo uyazi sebenzisa

2 seyezakho manjena nalomntwana uyakhula ukhulela lomntu osemulobole. U ma egula umntwana usuzoha mba uyombika kulabo basemu nzi. Wabo sebezozama ukuyela pha ingane lena ngoba eyabo. Umakwenze kile ukuba lengane ishone, awunandabawena yise ishonela laba abayilobole. Kubo kubi uma ingane isikhula ingaba funi labantu ezoyo gana khona. Kuswelekile bayethathe noma ingafuni ingane lena, ngo ba uyise sewazidla izinkomo. Zakuthi ingakhula abasemu zini bayibone kuqala ukuthi intombazane yakwabani isikhu lile. Sekuzathunywa umuntu njengo mkhongi useyotshena u yise ukuthi

3 ubani useyamu funa umkakhe manjena. Uyise wentombazane naye a kaseyi kusho lutho . Usezocela ukuba bamulindele uma esa mulungisela. Kuyakuthi musu kwana emulungisela abize izihlobo zakhe umntwana uku zitshena ukuthi abasekuthini sebeyamufuna umfazi wabo manjena. Izihlobo sezizomupha izi mpahla eziningi zimeluleke futhi ukuthi aziphathekahle emzini. Uma umntwana enga vumi uyalandelwe indoda u kuba izomuvinibezela ebusuku imumithise. Uma kwehlule kekelapho usezofuna umuthi wokudlisa intombazane. Kuye kufunwe inyanga kuthiwe ba mfake isicetho. Inyanga izo holelwa inkomo. Lenyanga iholelwa uyise wontombazane.

4 Isizokwelashwa kanye nayo indodaleyo eyilobole. Uma yala isizo thwalwa isiwe emzini. Ithwa lwa yibona abase muzini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lentombazane ukuze izinsizwa zingayesheli iyahlonishiswa ifaka
ihiyana elincane ngaphambili bese iyahlinishiswa ngentwana eyigaxa
ehlo mbi. Aweqalapho ayeshele kufana nokuthi weshela umfazi
womuntu. Icala lithethwa lifane nelomutu oweshele umfazi womuntu.
Uma intombi ithande insizwa leyo sekuzolo bolisa abasenzini.
Bonake lazokiza izinkomo zeqe ku lezi ezabizwa uyise . Basuke
sebebala ukuthi sezazala izinkomo lezo, kuhle azibu yise nenzalo
5 yazo. Umakwenzekile yazalela ekhaya yazaliswa abanye abantu,
umntwana awasemu zini lapho yalotsholwa khona. Loku uma
kulotsholelwana kuye kufakazwe enduneni kubenamanye amadoda
angofakazi. Kwenzelwa uma ukuthi uyise useyiganisa kwenye indawo,
yikhona eyodli wa icala.

Uhulumeni loku uthi akuphele ezweni lase Zwazini kakhulu
oBonjeni ngase Stegi. Nanamhlanjena kusavamile uHulumeni ubona
ngoba kubanga amacala amaningi kwenza nama ntombazane, athi
6 angakhula abaleke emakhaya abambe ayondinda. Amaningi abaleka
angene ezimission ahlalekhona, bese umthetho ungawavumeli kahle
amaSwazi ikuba bawaqwa ge amantombazane. Kudinge ke uyise
ukuba aphindisele izinkomo zalowo awalobola.

Phela intombazane isukelwa umntu mhlambe anama khosikazi
amaningi. Mhlaumbe lomuntu ithi ikhula ingane abe esephelile
yena. Kuza kuthi uma ifika ehlaya lakhe bese igana amadodana
esikhundleni igane yena. Se kwela okukhulu ukuxaba na ekhaya.
Nokwenza uku ba amakhosikazi amaSwazi sengathi awanazo njena
7 izimi o ezinhle. Kwenza umthetho wawo. Lesisenzo sibangwa
yindlala, omunye umnunzane usuke elambile impela kungasadliwa
lutho ekhaya. Abanye abawu funi lomkhuba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umgcagco wentombi egane incane.

Awufani nowentombazane e shade kahle. Amantombazane awavumi ukuyoyicanguzisa leyontombazane. Umgcagco wa yo ufana nowe ntombazane emithele ekhaya. Kuyayeku hlatshwe imvimba inkomo ephuma kuzo lezi okwalotsho lwa ngazo. Uma kudliwa lenyama izintombi aziyi ngoba ziya yenyanya. Kodwa kuqala amakholwa engakafiki zaziyidla nazo lenyama. Idliwa omakoti namakhosikazi, nezintombi
8 ese zazalela ekhaya. Naboke abanumzane bayayidla. Izinsizwa ezinye azizi ukuzoyidla lenyama. Kuye kumenajwe nakhona kumeme umnumzane, ameme abanye bamuphelezele alande umakoti wakhe. Usezosuka na madoda noma emahlanu na mantombazane uma ewatholile noma emangaki. Sekuhanjwa liyoshona ilanga. Kuyaye kubekhona nomakoti nomabangaki nezinsizwa. Umasebe ngena emzini wakhubo kamakoti bazomemeza, baye bahambe nomgijimi umabefika kulowo muzi. Usezokusho izibongo zalowo muzi athemeleze aze aqede. Kuzakuthi sebeme isikhathi eside umnumzane athumele umntu abange-
9 nise endlini. Uma umnumzane lowo engakhiphanga umuntu sebezoze baphindele emva. Kusuke kukhombisa ukuthi akasa funi nendodakazi yakwahle. Kuzakuthi kunjalo sekwendlule izinsukwana, umnumzane alande yena uMginimi wenkosi ukuba bayoshaya izinkomo zakhe, kokunye lowo umnumzane, uyise wentombazane athumele isigijimi ukuyolanda yena umkwenyana wakhe, alande izinkomo zakhe. Ikakhulu bavama ukuthembisa ezentombazane laphoiyogana khona. Uma ebavuma sebengena edlini sebefunyaniswa sekuhlatshwe izimbuzi noma zimbili zokubabinglela. Sebelethelwa notshwa. Basuke ba-
10 ziva ukuthi bayeza abasemzini. Kuyakuthi ngakusasa sekukhishwa x imbuzi yomgijimi ayena ehlanganisa ukukhuluma kwabo bobabili umkwenyane noyise wentombi. Uma uyise wentombi kukhona akufunayo okwasilela usekukhuluma obala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Naye u yeni wentombazane uma inezwi nomkwe wakhuselisho esigcawini. Kukhulunyelwa ebaleni noma esangweni lezinkomo. Nokukwenziwa umaseliyoshona ngzikhathi zomshado. Kuyakuthi emvakwa loko sekuyodliwa. Kuthi phela ekuseni uyise wentombi akhiphe inkomo yabayeni. Kuzakuthi umasekuhwalele, kusuke izintombi nomakoti bayokhipha umakoti. Sekwetlwalwa amacansi kuhanjiwa huphele hanjalo.

11 Ukugana kwentombi.

Lokukundlela ziningi kukhona ukugana, kukhona nokucanguza.

Intombi uma isiyogana iye ifune ezinye izintombi ukuba ziyiphelekezele. Loku kukhethwa umuzi, nomuntu emuthandayo noma engabonaze ayeshele. Imvama kugamva abanumzane abafuyile. Kokuthi izintombi zingene umalishona. Sezizawu buzwa ukuthi zifunani zisho ezize ngako sezizongeniswa endlini, seku sekuzofika nayeke umnumzane azozibona, nabantu bazokuza bazozibona izintombi azibiningi zivama ukuba zibembili noma zebentathu.
12 Umakoti yena uzobonakala ngokugoba yena abeke emusamo azemboze ngengubo, acobozele kuye kuthiwe umakoti ugobile uma enjalo. Abazukusebenza lutho juyakuthi umasebevunyiwe aqale umakoti ukusebenza. Uvunywa ngembuzi, ihlatshwe idliwe. Umabengamufuni kuyakuthi uma esehamba aphelekezelwe umukhongi oseyofike abale izinkomo kuyise.

Uma intombi izocanguza, noma izoshada, kufunwa umuntu wokuyocela intombi leyo uma umfana esemubikele uyise ukuthi intombi yakwabani ngeyayithanda. Uyaqale ngokubikela unina sewu nina ozotshena uyise ukuthi usibani bani uthi usekhulile. Uyise usezomubuza naye umfana uma evuma

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

13 usezabiza umndeni wakubo ukuwazisa ukuthi ubani uthi usekhulile ukhulele intombi yakwabani. Sekuzofunwa umkhongi uma esetholiwe usethunywa ukuyokhonga. Kwesinye isikhathi kuthunywa amadoda amathathu noma amadoda amabili kwenzelwa ukuze afakezelane uma sekwela ububi phakathi komkwanyana nomakoti kuzakuthi ngezikhathi zantambama asukelamadoda ayocela afike ekhaya lentombi, eme emnyango phandle aye azindle isikhathi sokuba uyise wentombi ekhona ekhaya. Baqondane nendlu lapha ebakhona. Loku bakuzwa ngabanye, njengo banezibongo zakulawo muzi bazithola ngomuntu
14 awazi kahle lowo muzi abaya kuwona. Sebezozwakala bebongela, umnumzane besho izibongo zalowo muzi ukuba umkhongi kukhethwa umuntu oligagu usezothemeleza yonamininginingi efanele. Kuzawuthi umnumzane ethuke ukuzwa loku usezobiza izintombi abuze ukuthi ziyabazi yini laba banjena? Umazivuma, usezobatshena ukuthi kuhle, bahambi, bayobuya ngelinye ilanga uyena oseyobabiza uma eseyazisile abakubo uma amantombazane abaphika bayaxoshwa, kokunye bahlawuliswe inkomo ngokusukela umziwomnumzane. Amakholwa wona, umnumzane uthi angezwa amadoda lawo akwele emithini, noma akwele
15 endlino, ngoba efuna imali yokwethulwa lapho uma befuna ukuthuluma naye. Imali kwama ukuba u£1 abanye njalo nomo £5. Omunye umnumzane asimaze athulenjena angakhulumi nabo. Sebeyoze bakhiphe yona inqaqamazinyo. Igama lalemali inqaqamazinyo uma isiphumile usezokhuluma nabo. Abatshene ilanga abangabuya ngalo. Sewuyena oyobazisa ilanga lokufika futhi.

Kugothi uma eselungile esetantahinile abakubo, athumele ukuyobiza abakhongi. Kuzathi umasebefika bahlatshiswe imbuzi noma inkomo kubantu abakhulu kuba yinkomo. Sekuyoba khona notshwala. Lolusuku kuthiwa bayavunywa abase mzini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

16 Umasebevunyiwe, kuyosuka bonke abakubo kantombi bazobiza abakuthandayo abakwenyane. Wonina, nga lukazi ziyaye zibize ugwayi kubakwenyane. Uma bengenawo bazo khipha imali kubona. Uma, sekulungisiwe loku sekuzosuka abakubo kantombi bayobona izinkomo. Labo bayabizwa abakwenyane, ubuthi wozani nizobona izinkomo zenu nezinto ezinye ezabizwa abasekweni kuba kwenyane. Kuzolungiswa utshwala nenyama, kuhlatshwe inkomo noma imbuzi uma kungabantu abakhulu inkomo njalo njena. Kuzogcwala abantu sezokudla inyama,
17 notshwala. Umasebezibonile izinkomo sekulungiswa kulungiselwa lokushada.

Kuyaye kuqalwe ngokumema ndawozombili kubo ka ntombi nakubo kamkwenyane. Kumenywa kuseyinyanga esele. Kuyaye kumenywe izihlobo nabakhelwane. Kuzothi kunjalo kumenywe nomuntu ozosinisa ebaleni. Kumakholwa kumenywa nomuntu ozoculisa endlini, nase sontweni. Sebezotshenwa ilanga abazoqala ngalo ukufunda.

Kuzakuthi intombi umasekusondele izinsuku ihambe iyoshada ibisi celaiyo cinelisa ezihlobeni zayo, ezikude neziseduzane. Ukucimela loku kwenziwa kanjena, intombi iyaye ihambe ecela
18 izinto ngoba isiya emnzini bayiphe, nezimbuzi, namacars nezinkomo, loko umuntu angayipha khona, ngamandla akhe. Iyibuye yethwele impela. Sekuzothi ingabuya besekuqalwa ukufundelwa. Kuzakuthi izihlobo nabamenywa baphise utshwala obuningi impela. Kuyakuthi ngalelo langa lomusindo kusiwe lapho kuzosinwa khona. Intombi nomkwenyane ithenga izingubo ezinhle kunabanye naye umkwenyane kubenjalo. Nakuwo amabinca bayathnga umvumlo omuhle impela.

Ngosuku lolo umkhongi uvuka ekuseni yena ahambe ayolindela aphuze utshwala. Busuke bubuningi utshwala impela kakhulu. Akufuneki izintombi zimbone umkhongi ngoba

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

19 zomushaya umazimubona. Umkhongi ohlakaniphile ungena engabonwa
aphuze aze aneliswe. Kuyothi uma eseneliaiwe aphume abeke imali
(ishumi) athe aluphume udwendwe. Ushonjena izintombi naziphandle
zilindele umkhongi. Uzothi angayebeka imali abaleke phela
umazimufumanisile zingamushaya. Uma umukhongi engalukhiphanga
udwendwe kungeshadwe luphuma ntambama.

Kuyakuthi uma eseyipho nsile imali amekude eklolodela izintombi nazosezi zojaba izintombi azisezu kumuxosha.

Kumakholwa kwehlukene kuqala umyeni aye kubokamakoti. Kaye
20 ungena ntambama kusikhwa umkhongi uhamba phambili ayoba khombisa
indlela umosebefika labo bakuboka myeni. Umuyeni uyaye afihlwe
impela angabonakali ngoba bangamushaya kuza izintombi zihlomile,
zihlomele yena umuyeni. Usegqokisa okwentombi azifihle impela.
Usuzokuma wonke umshadeo. Sebewukhanyisa laba abakubo kamakoti.
Umakoti usuke engekho yena. Kusuke kwenza izintombi zifuna
ukushisa umkwenyane. Kuzokokhiwa izihlwane akahanyiswe. Izinsizwa
zona zima ngaphambili zivikele izintombi bangazishisi ngomulilo.
Umlilo zivuphunga nge zinduku nangezihlangau. Kuzakuthi umzuzwana
21 besekuthiwa umshado awungene endlini. Sekuzophuma amakhosikazi
akubo kamakoti aseyiyiza ejabula impela kakhulu uma kungena
umkwenyane. Bazongeniswa endlini elungisiwe yafakwa utshani
ukuze ingagubeki uma izinsizwa nezintombi zidlala. Kwesinye
isikhathi kwenzelwa ukuba ingabi nalo uthuli indlu uma kuhleziwe.
Sezizongena izintombi zizobona umkwenyane. Sekungena nezinsizwa
zakubo kamakoti zizobona izintombi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Abantu abadala bahlala bodwa abancane bahlalabodwa futhi.
Kwenzelwa ngoba abantu abancane banomusindo abadala abawothandi
umsindo. Kuyaye kuculwe kuze kuse kuphuzwa notshwala umakoti
22 ngabonwa wobonwa ngakusasa sekugidwa. Kodwa amabaye wona awenzi
njengamakholwa, wona kungena umthimba wodwa kuphela ngoba ukhetho
alungeni. Kuye kuthi umthimba uphume ntambama uye ulale. Kusenga
kusasa uvuke ekuseni izintombi zehambe ziye emfuleni ziyogeza,
umazingayanga emfuleni ziye ehlathini lapho zyofunda khona izingoma
zokusina ntambama umakoti zikamba naye umaziya emfuleni, noma
ehlathini. Kulapho notshwala bazo zibuphu zelakhona. Kuyakuthi
ntambama ilanga seliyoshona zila ndwe izintombi emfuleni ziyaye
zibuye zizigeze zazinhle impela. Nezinsizwa ziyayi zihambe
ziyobucela khona utshwala ezintombini. Zifike zeshele futhi
23 kodwa umakoti ziyamuhlonipha yena, namanye aseduzane naye umakoti
uma umthimba usulandiwe usuzosina ebaleni kuboka myeni. Zisine
izintombi kube kuhle kudele. Kuyaye kuqalwe ngenkondlo phela.
Ziyezithi ziqeda besekungena umakoti uzathi eqalanjena umakoti u-
kusina kwele uyise ekhuleka ekhulekela umntanakhe kwabase muzini
ukuze bamuphathekahle, usezothemeleza ebalisa ngomakoti ngobuntu
bakhe. Uzobalisa nangezinkomo zakhe ezisilele kumukwenyane.
Uzomtshena ukuthi uzobuye azilande ahlale ezilungisa umkwenyane.
Kukulunywa ebandla khona kuyoba nobufakazi ukuthi umkwenyane
24 unesikweledu esungaka kuyise kamakoti. Kwathi uma uyise ka makoti
angaqeda ukukhuluma, besekuza ikhetho nalo selizovu nula impela
kakhulu liphathe namahawu. Kuzakuthi lingaqeda ukukhetha uyise
womkwenyane asukume naye abonge umthimba noyise kamakoti. Abonge
ngoba phela uyise kamakoti emunike umntwana wakhe acele naye
ubulanda oouhle kuyise kamakoti.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuyakuthi angaqeda uyise kamkwenyane bese kusukuma umlobokazi abeke bonke okusweleke le ababeke. Abanye ubanika amacansi, nezicephu, nanavoro yonke into enjengaleyo. Kubekwa abayizihlobo
25 bodwa, nomkhongi. Kuyakuthi ngakusasa izintombi zihlabe inkomo eziyithandayo ezizikhethele zona. Lenkomo ibizwa ngokuthi umbubuzo. Kuye kukhethwe insizwa ezoyigwaza lenkomo. Lenkomo egwazwa ngomkhonto kuphela ize iwephansi, Lomuntu owakubo kamakoti. Uma eyigwaze ayaze yawa inkomo, sekuba yicala elikhulu impela. Usehlawula lowo obegwaza inkomo. Uma amaxeba aze abamaningi uzokhipha imali engangawo. Kwakuhlawulwa ngembuzi kuqala, manjena kuhlawulwa ngemali, inxeba usheleni. Uma eyigwaza nezintombi zibakhona esibayeni. Uma ingawi ziyacela nazo zenzele ukuba ahlawule lona oyigwazile.

26 Umuntu ohlawulayo umkwenyane ehlawulela lona owehluleka ukuyigwaza inkomo. Uma isiwile isizoyekwa isikhathi eside kulindelwe izintombi ukuba zingene kuqala esibayeni. Zithi zingangena izintombi esibayeni kulandele abazohlinza yona inkomo. Iyalhinzwa inkomo zikhona lapha izintombi zilindele uma kuthena behlinza bayibobosa yaphuma umswane, kuba yicala elikhulu lelo impela. Sekuzo hlawulwa ngenye inkomo. Izintombi zithukuthela kabi impela uma inkomo yazo iphume umuswane. Uma sebeyiqedile ukuyihlinza umlobokazi usezoyiboboza yena. Uyiboboza ngomkhonto
27 noma ngomkwa wakubo ka muyeni, ngoba ihlatshwe ngomukhonto wakabo makoti. Uzakuthi angayiqeda bese beyikhipha izitho zayo laba abayihlinzayo. Kuyakuthi uma isiphelile ingeniswe endlini.

Kuzakuthi izintombi ziya be lenyama zizothatha umuleze ziwuse kumadoda esibayeni azosele wona. Kuzakuthi umakoti athelwe ngenyongo yenkomo leyo. Loku kukhombisa ukuthi usengumfazi walapho kulowo muzi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuyakuthi izintombi zihambe zimushiye umakoti umaseziqede inkomo yazo. Usezosala nempelesi umakoti empelekile, omunye
28 zibazi mbili izimpelesei, komunye njalo zibe zintathu. Kuyakuthi ekuseni avuke ashayele ebaleni ebusukwananeni, bathi bevuka abantu abese eqedile umakoti ukushayela. Usezohamba ayokha amanzi kusemnyamana. Wenzaloku njena uhamba nazo izimpelesi zakhe. Usezohamba ayo gaya angayele wonke umuzi lapho eganekhona, namanzi uwakhela wonke umuzi lapho eganekhona, nokugaya utshwala wenzela wonke umuzi lapho eganekhona. Usebenza umsebenzi onzima impela umakoti esafika emuzini.

Uyaye avuke ekuseni ayekubo kamuyeni, lapho ahlalakhona,
29 uma umyeni engena nina iyangeniswa kwenye indlu. Usezosebenza kulendlu, kuze kuphele iuyanga. Uma efuna ukuya esibayeni athumele ingane, ingne esibayeni iyoinfunela ubulongwe. Noma esisinda akayi ngasendaweni kayise, uyasindelwa noma yingane anikwe yona. Akakwazi ukuthetha umakoti ekhaya, noma ingane iganga ngaye akakwazi ukuyishaya nokuyithethisa ingane leyo. Uyoze azale ingane kande akwazi naye ukuyishaya, nokuyithethisa ingane emuzini. Kodwa uma kukhona uyise uyathula. Umakoti wayengadabuli emabaleni weyendla izindlu uma ehamba.

30 Umakoti uhlonipha amabizo abase muzini, isifungo esikhulu lesi, esenziwa umakoti namasi akawadli uze anikwe inkomo yakhe ukade adle amasi.

Umakoti usezofunelwa isicwayo. Kuyayekuphuma abafana bakulowomuzi bayozingela inyamazane. Isicwayo sikamakoti senziwa ngempunzi, kwakuthi ingabulawa impunzi ihlinzwe kahle impela. Kuthathwe isikhumba sayo. Siyaye sihlotshiswe kahle kakhulu impila ekugcineni kwaso. Kwenziwa umasesishukiwe kahle impela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuyakuthi uma esezele ingane kujajulwe kakhulu impela nomakoti ahlonishwe manjena adunyiswe njengabanye abafazi ekhaya.

31 Umthimba wamakholwa.

Lomthimba wana awuyi emfuleni noma esihlahleni uye uhlale ekhaya lapho ufakwe khona. Kuyakuthi ekuseni noma ngamuhla ungenayo umkhongi anikwe inkomo yakhe, usezofuna abantu abazomhlinzisa kwesinye isikhathi usukanabo ekhaya. Kuyakuthi angayiqeda bamnike indlu yokufaka lenyama. Lenkomo kusuke kungeyomthimba wodwa kwabanye izinkomo zomthimba zibambili noma zibentathu. Abanye enyo inkomo bayenze ngezimbuzi noma izimvu. Kuyaye kuhlatshwe zibe u(6) isithupha. Notshwala bomthimba bubodwa busendlini
32 yabobodwa. Konke loku kukhonjiswa umkhongi. Uyena umkhongi ozobakhombisa indlela yokungena endlini nakokonke kwenziwa umkhongi. Sekuyothi ngakusasa kuphume umshado ntambama emvakwamadina. Kuqale kuphume umthimba uma ukuthi uwona ongenile, uma kungene ukhetho kuphume lona kuqala. Sekuzawusinwa lize liyoshona ilanga. Kuyekusinwe ngezimpempe abanye basina ngenkositini. Kuye kuthi umakoti asiniswe ndawo zombili kubo kamkwenyane nakubo futhi. Uma seliyoshona sekuyekwa ukusinwa. Uma kusasinwa abantu bakhunga ababathandayo ngezinto nangobuhlalu nokunye. Lezizinto babuye bazilande uma usuphelile umshando.

33 Sekuzakuthi kungaphela ukusina kubukelwe umculo, wakubo kamakoti, nowomyeni. Wona wenziwa muva umakoti nomkwenyane bona abasaculi sebeyabukela njena. Banikwa indawo enhle yokuhlala babukele nabo. Umasekuphelile loko sekuyiwa ezindlini. Umakoti usezolungiseela ukuhamba manjena. Sekuzodliwa ngomjaho. Kusuke uthetho luyobiza umakoti. Umakoti ukhishwa ngeculo. Lithi:- "phumasihambe - phumasihambe wemakoti, kukude kithu, kukude kithi wemakoti".

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Leliculo liculwa kumiwe emnyango endlini kamakoti. Omunye ephuze ukuphuma kuze kube sebusuku impela. Kuthi ngelikade
34 kuzwakale umakoti esekhala kusuke esikhulu isililo. Kusuke kade elitshaziswe izalukazi zimeluleka, izalukazi zakubo. Kuyathi uma esekhala angene umkwenyane amubambe bamkhiphe endlini. Omunye akakhali kuyaye kubikelwe umkwenyane ukuthi angangena amukhiphe manjena. Sekuzo hanjwa ubusuku bonke kuye kufikwe kuboka myeni. Umthimba uhamba phambili, ikhetho luze ngomuva. Kuyathi uma sebefika ekhaya umkhongi akhombise umthimba indlu yawo. Lapha endleleni izinsizwa zihambe zeshela ezintombini. Abadala bona bahamba bodwa ngemva kwabo bonke nomkwenyane uhamba nomakoti wakhe nabanye.

35 Kuyakuthi ekuseni banikwe amanzi okugeza, abanye bayaye bahambe baye emfuleni bayozigezela khona. Uma sebebuyakhona sebenikwa ukudla naye umakoti unikwa okwakhe yedwa. Nokhetho lunikwe ukudla. Kuthi abaseduze nasemakhaya bayokudla ekhaya abanye, abathandayo nokulala abanye balale ekhaya uma bethanda. Kuthi ntambama beze emshadweni sebezogqoka. Kugqokelwe emahlathini, uma engekho kugqokelwe ehlane njena. Izintombi zibazodwa nezinsizwa zibezodwa uma kugqokwa. Sekuzoqala umthimba ukusina sekusinwa njengoba kwenziwe kubo kamakoti. Kuthi kungaphela kulalwe.
36 Kuyakuthi ekuseni uma izintombi seziyitholile imbuzi yazo noma inkomo yazo, zimu khiphe umakoti, useyokwaba. Zimukhipha ngeculo umakoti lona sezizomuthwalela amacansi ziye ebaleni, noma esibayeni Uma sekuphelile izintombi zizo mulungisisa indlu yakhe umakoti kande ziсuke zihambe. Zihambantambama ziphelezelwa izesheli.

Ukwabiwa kwenkomo yomthunba

Inkomo ihlwatshwa emhlaba nkomo emva kwesiphanga lapho siphela khona. Lenkomo ikhe thelwa umuntu ohlakaniphile ukuyihlinza ngobunono obukhulu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uma yonakele loyomuntu uyahlawuliswa. Akuhlawuli yena kuhlawula
37 umkwenyane. Uma umuntu engayiwisanga ngenxeba lokuqala uyahlawula umkwenyane ngobucu bobuhlalu bube bunye. Usezoyihlaba noma mangakhi amanxeba akaseyi kuhlawuliswa. AmaSwazi wona amuhlawulisa ngenye inkomo, noma inxeba libe usheleni.

Izitho ezinikwa umthimba yilezi banikwa uhlangothi lonke nesifuba kuya emthimbeni. Izitho zohlangothi eziya emthimbeni, umlenze, nomhlubulo, nomkhono nensonyama.

Ukhetho lusala nolunye uhlangothi, kodwa umthimba wona unikwa umlenze wokhetho. Lomlenze udliwa izinsizwa zomthimba wona. Kubuye kuthi ukhetho luthathe inso nyama yalo liyinike
38 umthimba. Lensonyama elethwa ukhetho emthimbeni, nawo umthimba awuyedli lenyama. Iye inikwe umakoti, yenake umakoti usezoyibeka esithebeni esihle impela. Isithathwa izintombo zihamba nayo ziyisa kumina womkwenyane. Izintombi zomthimba zihamba zicula uma zise lenyama kunina womkwenyane. Lesi isithebe esihambise inyama lena usezosiththa unina womkwenyane kube esakhe njalo. Nayeke unina womkwenyane akezukuyidla isonyama usezoyinika izintombi zakubo kamkwenyane ziyidle lenyama.

Kuthi umlenze futhi okhishwe ukhetho uthwalwe usiwe ekhaya
39 kubo kamakoti, usudliwa amakhosikazi onke ekhaya. Udliwa amakhosikazi akubo kamakoti angayanga ukuyoganisa. Kuyaye kuthi nesigubu nesibindi kuthwalwe kusiwe kubo kamakoti. Isigubu lesi sithwalwa kanye nobulognwe baso singabonaze sibotshozwa kuzakuthi labo amasithwele bathi uma sebefinyelela ekhaya, umfula wokugcina kulapho isigubu bayosigeza khona uma sebeseduze nekhaya.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lezizitho zonke zisikwa kahle kakhulu impela ngoba umazonakele wazisika uyakhawula loyo obezisika. Ngomthetho kuthiwa usuke ethuka umakoti ukuthi akasephelele. Uma kunesici abasisolayo abase mzini kubonakala ngazo izitho nangenkomo yomthimba ukuba bayone nabo.

40 Uma umakoti onakele, kuyahlawulwa. Kuyaye kuhlawulwe ngenkomo. Uma umakoti lona eseke wazala komunye umuntu noma eseyintombi uyavinjwa ngenkomo emzini ukuze bamulobole ziphelele. Uma kungenjalo izinkomo zelobolo azipheleli. Uma esazala abantwana abaningi emzini kukhishwa izinkomo ezilingana wona amasu akhe, avinjwengazo bazinike abakubo kamkwenyane, ukuze alotsholwe ziphelele.

Umuntu yena omithisile akayithatha intombazane uyihlawula ngezinkomo ezintathu. Bese eyigezafuthi ngembuzi. Umakuyimali ukhipha ishumi losheleni.

Uma umntwana emfuna uyaye amthenge ngezinkomo ezintathu futhi naye, uma unina engamufuni.

41 Umakoti nokuhlonipha.

Kudala zonke izizwe zazihlonipha kakhulu izingane. Lodwa isizwe esimnyama umuntu awaye hlonipha kakhulu umakoti. Umakoti wayehlonipha ngaphezu kwengane yena. Makwa ngwane kwaku njalo. Nanamhlanjena, usungahambe ubona ukuthi lesizwe sasihlonipha kakhulu.

Lonake umakoti uhlonipha eseyintombi engahagani. Uhlonipha abalapha eqome khona. Kukhona isiga esithi ihlonipha nalapha ngeyuganakhona. Into enkulu ehlonishwayo abasemuzini. Intombi izathi ingaqoma ingabi isaba biza ngamagama abo abalapho ithanda khona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

42 Kuthi mhlazane ilotsholwa bese ihlonipha imrela kakhulu. Uma igama loyise zala mhlawumbe u(Manzi) intombi ayisezukusho ukuthi amanzi isizothi (amayiwa) kanjalo nokuningi izokuhlonipha intombi.

Inyama yase mzini awesi fazane akayidli, engazange aqoliswe, namasi asemnzini akawadli enganikwanga inkomo yawo. Inyama yenkukhu awesifazane akayidli uze afe. Nanamhlanjena uma ukwela uBombo uyofumani sa ukuthi izinkukhu abazindli baloku besaya ngaludala. Nobisi lwase mnzini abaluphuzi. Noma ubanika ithiye

43 elinobisi abaluphuze. Endlini kayise noma yomfo wabo omkhulu uhlala nga kwesokudla akeqeli ngalena kwesokunxele uze afe ehlonipha loku noma kungavelani akakhohlwa uyahlonipha njalo njena. Mesatsha somuyeni wakhe ubengadleli kuso noma kungani, noma ubeseswele oko kudlela ubengeke adle ngesitsha somyeni wakhe. Ngisho noma ukhezo ubengadli ngalo.

Umuntu wesifazane ubesikiswa ukuze ayidle inyama lena. Ukusikiswa lokuyinto enjena. Kwakuthi umakoti efikile emzini anganikwa mpela inyama noma ngauyayithanda inyama. Kwangwane

44 ukuze umakoti ayidle inyama. Kuqale kuhlatshwe imvu abese usikiswa ngayo. Kuthathwa isithebe senyama sibekwe phambi kwakhe. Kuzobizwa umuntu azayisika inyama lena. Uyisikayena isiphekiwe. Uzosika iqashana elincane abese ekhuhla ngalo umakoti emlonyeni. Kuzakuthi emvakwezinsukwana besekuhlatshwa inyma yakhe azoyidla ngempela.

Omunye wesifazane ayale angayidli kuze kuphele iminyaka eminingi ukuze ayidle inyama lena. Ukusikiswa ngenyama yemvu kwenzelwa ukuba awesifazane akhuthale, angabilona uhlanyafuthi phela imvu ithambile, yingako owesifazane esikiswa ngayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

45 Uma esikiswe ngeyembuzi kuthiwa uba nomusindo ekhaya angahloniphi
kanti kufuneka ahloniphe ekhaya. Uma esikiswa inyama iyathakwa
nezinyamazane zakulowo muzi. Kwenzelwa ukuze igazilahle livumelane
nelomkwenyane. Mabantwana ukuze bahlambe kungabi yizilima.
Umfazi ongasikiswanga kuthiwa wayezala abantwana abangasile.
Omunye basheshe bafe abantwana bakhe ngoba abaqinile. Muyothi
noma ebeletha umntwana anukiselwe ngazo izinyamazane lezo.

Uma esikiswa awesifazane usuke esahamba ngokucasha ehamba
46 emvakwe zindlu engahambi emabaleni. Uma esesikisiwe usezohamba
ngaphambili kwezindlu manjena. Uma engakasikiswa wolindela base
bamusikise. Uma esikiswa umakoti unikwa ingane encane ethweswe
yona kuthiwe nansi ingane yakho. Wayevama ukukhethelwa ingane
enhle umakoti. Uma naye umakoti eyithanda ingane usezokwenza
(Isihlambezo) ngayo ingane. Isihlambezo senziwa uma umakoti efuna
ukuzala naye ingane efana nalena anikwe yona. Usezokukha amanzi
ngembiza umakoti agcwale acicime phezu. Uma umakoti efuna
47 ukuwaka amanzi aphuze usezothi ingane ngaphambi kokuba aphuze
umakoti, athi ingane ayiwakhe, kuqala imbeke phakathi, kuthi ngena
efika nawo ingane kuthiwe ayibeke phakathi. Ayayekwa kuqala
amanzi acwebe, uma esecwebile abukiswe phakathi umntwana. Lapha
futhi umakoti efuna ukuphuza umntwana uyena oqala ngokubuka
phakathi emanzini kande umakoti aphuze lawo manzi. Lamanzi
akamakoti yedwa nengane leyo. Lamanzi ayehlale egcwele njalo.

Uma enikwa ingane ngomuthetho wesiSwazi kwenziwela ukuba
48 asheshe ayithole ingane umakoti. Umakoti uma esenikwe ingane
angabe asayikhodlwa umakoti. Usezoyipha ukudla ingane uma
esezele lengane sekuba umzanyane wayo ingane yakhe. Seyiyoze
ikhule ingane iphatha ingane yakhe umakoti. Usezoyikhatha
ngamafutha ingane lena umakoti. Kuzakuthi nenyama abamunika yona
ngoba bemusikisa ayinike lengane ayinikiwe emzini.[1]

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lomkhuba usenziwa kwezinye izindawo zase Swazini nanamhlanjena. Kuwumkhuba omuhle ngoba kwenza umakoti azothe. Nengane yayinga muhluphi umakoti ngoba izingane zakuqala zazilungile zihlonipha abadala.

49 Izisho zolimi kwa Ngwane.

Izisho zolimi ziyafana nezakwaZulu, nawo futhi amacunu, izisho zawo ziyafana nezakwaZulu. Sonke isizwe, isizwe ngezisho:-

1. Iqhina liphuma embizeni:-
Kusho ukuthi into ungathi uyifukamele, uthi eyakho wedwa uyethuka isiputshukile.

2 Induku kayiwakhi umuzi:-
Kusho ukuthi endoda ehlale ngokulwa emzini wayo awunakwakha lowo muzi.

3 Kayihlo inkwali ephandela enye:-
Kusho ukuthi zizarele wedwa unganaki ukusizwa ngabanye nabo bayazizamela.

4 Guga mzimba salanhlizuyo:-

Kusho ukuthi inhliziyo kayigugi, noma umzimba usuphelile kodwa inhliziyo iloku ibalisa njalo sengathi umusho.

50 5 Lixhoshwa libekile:-
Ingozi yenzeka ungayibikile, uye uthi ubona bese ulimala nje.

6 Liwela umfula ugcwele:-
Isifiso hasivinyela kalula, sifana neso. Lona libona ngaphesheya umfula ugcwele.

7 Kakukho qili elizikhotha emhlane:
Noma usuhlakaniphile kangakanani ungeke ukhohlise bonke abantu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

8 Umtheante uhlaba usamila.-
Kusho ukuthi umuntu akahlakaniphe esemncane ukuze aphumelele ngoba angaze akhule abasenakulunga kahle.

9 Woze ulutheze olumenkume:-
Kusho ukuthi ungaphaphazeli njena, woze ukholiseke.

10 Izintaba ezikude zingumasithela:-
Kusho ukuthi isithandwa sami singalena kwezintaba.

51 11 Woqhotha uze ufike kwa Mtshekula:-
Loku kusho ukuthi noma wenza kakhulu kangakanani awusoze waphumelela.

12 Ithi ingakhwelwa iphanga inja iphenduke inkentshane:-
Uthi umuntu angalamba enze noma yikuphi okubi okuzomutholisa ukudla.

13 Usenga nezimithiyo:-
Kushiwo kumuntu osukela amanga libalele, awaqambe obala.

14 Libunjwa liseva:-
Loku kusho ukuthi sheshisa into uyenze isalungile, ungayi libaleli.

15 Izwibela labulala indlovu:-
Kusho ukuthi noma into incane yihlakaniphele. Ngoba kwathi kucandwa izinkuni izwibela labulala umnumzane.

52 16 Ikhotha eyikhothayo:-
Abelusi bake bazibone izinkomo zikhothana. Kusuka kuqala enye, ikhothe enye. Iyasuka nenye leyo isiyayikhotha. Izenzo ezinhle zidala ezinye izenzo ezinhle.
17 Udukuza osweni lwenkomo:-
Loku kusho ukuthi awuyazi into oyenzayo uyabeda. Kushiwo kumuntu osuke ebeda nge nto ethi uyayazi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

18 Yinja yomoya leyo:-

Kushiwo kumuntu ohamba ezula njena, ongenandawo yoku lala.

19 Ukhasela eziko lowo:-

Kusho ukuthi kuhle uqaphele into oyishoyo ifuna ukukulimazisa. Kusho ukuthi awazi lutho.

20 Wokhela umlilo awuyeke:-

Umuntu ohlebayo ngabanye abantu.

53 21 Zinqunywa amakhanda ziyekwe:-

Phela zibulawa kanjalo izinkukhu uthi ungayi nquma ikhanda uyiyeke izeqife. Loku kusho ukuthi qhake, inqiniso lozwelela noma ungaliphika kanjani.

22 Indlu yegagu iyanetha:-

Ngumuntu oziqhenyayo kanti kanalutho, kanamkhuba.

23 Ngingenwe iphela endlebeni:-

Kusho umuntu uma orunye emubelesele, ephikelele ethi akamenzele utho. Kayikho into ebuhlungu njengephela endlebeni yomuntu.

24 Soijicela ivuthiwe:-

Basho njalo abantu kumuntu onenkani, ode ekhuluma ngezinto eziyinsini kwabanye. Ezithusa yena ukuthi angezenze lezozinto

54 25 Ubude kabuphangwa:-

Kusho ukuthi musa ukugijimela izinto ezingaphezu kwamandla akho. Kusho ukuthi yenza kahle lezinto ezilingene amadla akho kuqala, kanduba undlulele phanbili.

26 Injalo iphuma ithunjeni:-

Kusho ukuthi umuntu ufuze abazalibakhe, ngobubi, uma ukuthu uyisona isilima.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

27 Inhlambi ifela emanzini:-
Kukhomba ukuthi kuvamile ukuba umuntu afele emsebenzini wakhe awujwayele. Ibutho lifela empini.

28 Ingane engakhaliyo ifela embelekweni:-
Uma ungayiceli into layokwazikanjani abantu ukuthi uyayithanda into na? Ithi ingakhala ingane unina ayehlise ayincelise.

55 29 Injobo ithungelwa ebandla:-
Kusho ukuthi lalela loku abakweluleka ngako abanye. Uma amadoda ethunga izinjobo esibayeni ayelulekana. Kusho ukuthi umuntu angesabi ukukhuluma ngento noma inzima.

30 Akwethi ngokwezandla:-
Kusho ukuthi konke esikwenzayo kuphelela ezandleni kungacumi neze kahle. Into ephelela ezandleni kusuke kuge nto yalutho.

31 Ubogawula ubeke:-
Kushiwo kumuntu loku ukuze umuthi ungaweli phezukwakhe alimale. Qhaphelisa akwenzayo.

32 Wolibamba lingashoni:-
Noma ungabaleka kusizani ngoba kuzokuhlwa ubuye ekhaya ungeke ulibambe ilanga lingashona.

56 33 Isiziba siziwa ngodondolo:-
Uma umuntu ewela umfula omkhulu angawugondi kahle ukuthi ushona kangakanani kwezinye izindawo, bayaye bafake udondolo emanzini, bawezwe ukuthi ashona kanjani lapho.

34 Iqhina lika mbethe:-
Iqhina yilo lelo esithi liphuma embizeni. Phela iqhina leli kwa Ngwane kwakuyikhubalo elikhulu lemvula, njenge nqomfi ikhubalo lezintombi. Kanje isisho savezwa wukuba inkosi uMswazi eyayi yinyanga enkulu yezulu, kwathi ithi inisa imvula alaze lana izulu kwangathi liyana labuye lemuka.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

35 Isithukuthuku senja siphelela oboyeni:-
Ukusebenza okungabonakaliyo. Uma umuntu esebathena angaphumeleli.

67 36 Umvundla ziyowunqanda phambili:-
Kuthi noma umuntu edla abakwabo, koze kwele okombuyisela kubo. Umvundla ngunogwaja, kuye kuthi nxa esethi uzishiyile izinja kwele okumvimbelayo ngaphambili abe esephindela emuva.

37 Ngigeqa amagula ngiyemuka yini:-
Uma ushonjalo usuke uthi ngingezi khulume zonke izindabazami ngingafi.

38 Impi yomndeni kayingenva:-
Uma kuxabene abantu abala manayo ungayingeni indaba yabo.

39 Uyadela umnyovu awazibopha ngexhama kwabonakala:-
Uyadela umuntu obesenzeni kulunge.

40 Lidumela emasumpeni:-
Kusho ukuthi sekuseduze ukuba ukuthole okufunayo okuhle. Kuqala
58 kwakusengwa ngama thunga enziwa ngesinqamu somuthi, kuthi enhla nalo ithunga ngasemlonyeni kubekhona amasumpa okulivimbela ukuba lingasheleli emadolweni, ngoba thina ngwane kuthi nxa sisenga siqoshame, ithunga silibambe ngamathanga. Bekuthibe nxa insengwakazi isilukhipha, ubisi lizwakale ithunga lomuthi, lisho lithi vu, vu,vu; kuthi laphoke seliseduze kwamasumpa kubonakale ukuthi isizoligcwalisa ithunga, kuthi osengayo uma seliduma emasumpeni umbone esenqekuza ngekhanda enanela ukuduma kwalo - beseligcwala ciki phezulu.

41 Wabika imbiba wabika ibuzi:-
Ibuzi yigundane elikhulu elidliwa ngabafana. Imbiba yigundane elinemishi emithathu ensundu emhlane. Liyanona kakhulu bekuthi nxa abafana bezingela amabuzi livuke ibuzi. Besebethi abafana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

59 "nanti ibuzi". Kuthi kusenjalo kuqhamuke imbiba, besebethi "nansi imbiba!" Lokhoke kushiwo kumuntu ongenangqikithi ekukhulumeni kwakhe, okhuluma izinto eziningi ngasikhathi sinye kukhohlakale ukuthi uthini manjena.

42 Insimba yesulela ngegqumusha:-

Igqumusha phela inyoni. Kwakuthi nxa kuzingelwa izinyamazane izinsimba emahlathini ivuke insimba, kuthi lapho besaqala ukuyixosha besekuvuka inyoni igqumusha. Abantu bese beyiyeka insimba, sebexosha igqumusha lelo. Lokho kushiwo kumuntu osuke enze isenzo esibi, nanjengalaba abathengisa ngotshwala; kuthi nxa kuqhamuka amaphoyisa basuke banyelele babaleke bashiye
60 endlini laba abazothenga utshwala besekubanjwa bona. Yiloko ukuthi insimba yesulela ngegqumusha.

43 Nangu umazi wezabantu, akhohlwe ngezakhe:-

Loku kushiwo kumuntu okhuluma ngobubi babantu, kepha eyakhe inkhutshana uyithukisile kakhulumi ngayo.

44 Amehlo kaphathelani, ngamabeka eshiya:-

Kuthi noma into uyibona inhle kakhulu ngeke iso libuthwale ubuhle bayo njengoba injalo. Ize ibatshazwe ngomlomo ingani wona umlomo kawuna kuyenza, ukuba iqondakale ubukhulu bobuhle bayo.

45 Kawuboni? Ungu mathole yini?:-

Lokhu kushiwo uma ungaboni into umuntu akukhombisa yona. Lesisisho sisukela ngendaba kaMahlokohla inkosi mhla ethumele
61 uMathole ukuyo funa izinkomo zenkosi kuba phendi. Kwathi ukuba awele igwa umfula wabona izinkonkoni wathi, izinkomo. Njengo Mashongwe awayethunywe uTshaka kwaMzilikazi, naye wabona izinkonkoni wathi izinkomo. uMahlokohlo wathi akakhishwe amehlo uMathole. noTshaka wathi akaxhoxlwe amehlo uMashongwe ngoba awasizi lutho kuyena.

46 Udlala ngegeja kuziliwe:-
Kushiwo uma umuntu esukela into angasoze ayithola, noma angena kuphurelela ukuyenza.

47 Insumansumane, imali yamakhanda:-
Lesisisho savela ngo Bambatha inkosi yase Mgome musukwana esusa ithuthwa lwamakhanda elwa no kulumeni enqaba ukuthela. Wahamba wayocasha eNkandla lapho abantu bakhe bamulandela baye bacasha naye.
62 Amadoda ayebuzana athi, wena uthelaphi ndoda, uma ukuthi awazani besethi, "Insumansumane, imali yamakhanda" bese bayazana ukuthi lona awangakithi.

48 Sibambe elentulo:-
Kasikho isisho esejayeleke ngaphezu kwalesi. Umuntu afike akhulume izwi, bese ethi "Hayi bo, uyazi ukuthi kangiqinisile lapho ngisho njalo. Bengi dlala nje". Athi omunye "uthini" athi sibambe elentulo. Kusho ukuthi bakholwe izwi lakuqala, elesibili abasalinakile. Isisho sisukela msukwana kuthunywa unwabu emhlabeni liyo tshena abantu ukuthi bangafi, kwathi mva kusuka intulo eyiyona yalibika kuqala izwi lokuthi kuthiwa abantu bayo kufa. Luthena lufika unwabu lwase lukhuluma emva kwendaba.

63 49 Idla ithambo ijwayele:-
Kushiwo uma umuntu wakhe wamukhulumisa kahle ngelinge ilanga kasenakukudela ngoba wamusiza, mhlawumbe ehluphekile. Menja lapho ikeya thola khona ithambo ayideli, ibuyela njalo khona.

50 Umlomo ishoba lokuzivikela:-
Kushiwo uma umuntu mhlawumbe enecala, ebona ukuthi wonile akanakuvuma uzophika njena, enze inkani.

51 Akusilima sindlebende kwabo:-
Wonke umuntu akaboni ukuthi uyisilima kunabanye. Kodwa yena uyababona abayizilima kunaye. Nonina akamboni ukuthi umntanake uyisilima kuna banye.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

52 Ingwe idla ngamabala:-
Kusho ukuthi nalowo unobuntu bakhe nobuhle bakhe yedwa, akafani
64 nabanye. Lesisisho sivame ezinsizweni, uma zeshela izintombi,
bathi abantu," wasukela intombi ithanda umuntu omuhle kangaka".
Usezothi yena ingwe idlangamabala.

53 Bucitheka buvoviwe:-
Kushiwo uma intombi isiyo gana manjena ziyifuna izinsizwa isizothi,
mina ngiyingodosi yabantu. Zithi izinsizwa bucitheka buvoviwe.

54 Isala kutshelwa sibona ngomopho:-
Uma abadala bekutshena into bethi iyeke wena uphikelele. Kusho
ukuthi uyoze uzibonele.

55 Nongenankomo uyayidla inyama:-
Kusho ukuthi baningi abantu abangenazo izinkomo kodwa inyama
bayidla njengabo laba abanazo. Baningi futhi abantu abayishimane
kodwa nabo bayayazi intombi ngoba bethuka bebebele abanye.

65 56 Akummango ungenathuna:-
Kusho ukuthi noma uhamba wokwazi ukuthi ungafa. Abanye bafela
ezindleleni kude namakhaya. Amathuna aba agcwale imimango.

57 Ikhaba eyisengayo:-
Kusho ukuthi omunye umuntu uye umthande, umenzele konke. Kodwa
akudumaze alwe nawe. Noma akudumaze ngayiphi indlela.

58 Umbeki wenkosi akabusinayo:-
Lesisisho savela mhla inkosi uMdlamhlaba Vilakazi ebulawa induna
yakhe enkulu uMsonda Phela kwathi ngempi yakwa zulu uMsonda
wamuthola esefa undlamhlaba wabuyane. Kwathi ngamandla kaMsonda
inkosi yase imenza induna. Yayimethemba kakhulu impela. Kodwa
yabuye induna yabulala inkosi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

66 59 Isihlahla asinyelwa:-

Uma kade uhlelikahle nomunye umuntu, wese usuhamba ulwenaye, uyayathi ungasinyeli isihlahla ngoba hleze ubuye kusofuthi ngelinye ilanga.

60 Ukuzala ukuzelula:-

Kuyaye kusho omama umabebona izinsizwa zabo sezikhulile sezisina, sezibasiza ngezindlela eziningi.

61 Impangele enhle umakhala egijima:-

Kufuneka umuntu athi ekhala abe ezama ukuze aphumeleli noma ebona ukuthi sekukubi.

62 Elisina nuva likholwa yizagila:-

Kushiwo ukuthi wonke umuntu uma ezwa isidumo kuswelekile ashеshe ukusukuma, ngoba uma ephuza angaze avelelwe ingozi.

67 Ukweshwama kwa Ngwane.

Ukweshwama loku kuhamba kanye nomkhando. Ukudla okukhandiwe kuyagulisa uma kungadliwa owenze udoloqina. Namanjena kusenjalo ezindaweni eziningi kwelase Swazini, nezinye izindawo ezakhelene nelase Swazini, amaThonga. Kunemizi othi ungadla ukudla kwakhona uqumbe impela. Kusuke kwenziwa ngoba lowo muntu ekukhanda ukudla.

Ukweshwama kuyizigaba ezimbili. Okunye kwenziwa yinkosi mhla kudliwa umkhosi, okunye kwenziwa emakhaya. Ukweshwama kwenkosi kwakwesabeka kakhulu. Kwakufumva indoda emnyama, izingelwe ixyx iyoze itholwe lendoda. Nanamhla abantu abamnyama

68 kakhulu eSwazini kuselashwa ngabo. Kwakungafunwa indoda yasekhaya kwakufunwa indoda yezizwe. Ukuze umuthi ulunge. Inkosi yayithuma amadoda abemaningi ayofuna indoda emnyama. Lendoda ayinakucuywa bayobuyanayo iphelele. Kuthi uma sebefike nayo ifihlwe impela ingabonwa muntu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nalamadoda kwa kungaziwa abantu bonke ukuthi athunyiwe. Kwakwazi inkosi nenduna yayo enkulu kuphela.

Kuyakuthi ngalanga lomkhosi wenkosi kubuthene amabutho onke. Inkosi isizokhetha inkuzi emnyama yenkomo, esindala. Amabutho azoyidumela ayibulale ngezandla. Phela izinkomo zazisesutha, nayo inkunzi lena izozilwela impela kufe amadoda amaningi ingakafi

69 yona. Zaziyibamba izinsizwa ziyephule intamo inkunzi. Kuyakuthi umaseziyibulele, ziyihlinze kahle impela ngobunono abukhulu. Ikakhulu yayihlinzwa ngazo izandla. Ukwatha yayathiwa ngomkhonto kuphela. Okunye ishaywe nangamatshe ihlinzwa nangezingodo. Noma isiqaawa kusetshe uziswe wona umkhonto. Amalunga aphulwe ngezandla Kwakuba umsebenzi onzima impela. Izinsizwa ezinamandla zazibonakala ngalezo nsuku. Umasekuphelile konke izinsizwa zihambe ziye esibayeni zihlale phakathi. Sezizoli ndela inyama eyosiwe manjena. Kuzakuthi nezinceku nabantu labo ababethunywe inkosi bamuhlinze umuntu lona bamukhipha ngezitho zakhe zonke. Sekwenziwa imibengo yomuntu nemibengo yenkunzi emnyama. Njengoba inyama yomuntu iyabona-

70 kala, isizoshiswa manjena uma yosiwa. Kwenzelwa ukuba ingabonakali kufane njena. Kuyakuthi uma isivuthiwe izinceku ziyithathe ngenugwembe ziyise emabuthweni. Kuzothakwa imibengo yomuntu neye nkunzi yenkomo. Lenyama ihlanganiswa inyanga yomuntu eyelapha inkosi neyazi umkhando. Kwenziwa inyanga yesizwe. Akusimuze kuthathwe noma iyiphi inyanga njena.

Umasebe yidla lenyama amabutho anikwa umbengo emibili. Owomuntu nowe nkunzi nalowo usezoluma kuwo womubili imbengo. Uma ukuthi amabutho maningi kakhulu kwa kufunwa abantu abathathu nezinkunzi zezinkomo zibe zintathu. Kwakungahlatshwa ezibomvu noma omunye umbala. Kwakufunwa omnyama wodwa, nakubantu kubenjalo.

71 Uma sebeqedile ukusina sekuzoqalwa ukusina. Asezobuqephuqephu ayadlala amabutho enkosi. Kuthiwa loku kwenza amabutho abenesibindi. Kokunye uma inkosi efuna ibutho libe nolaka kwakuthathwa nenyama yesilo inikwe lelo butho kanye neyomuntu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwakwenziwa njena ithakwe ngemithi lenyama. Kwenziwe inyanga yenkosi noma kwenziwe inyanga yempi. Kwenziwa lokunjena nayo inkosi iyakwenza loku.

Akwase makhaya ukweshwama kwakwe hlukile kuloku kona. Lokuke kwakwenziwa ngesikhathi ukudla sekuvuthiwe emasimini. Kwakwenzelwa ukuba baqini futhi ukudla kungaba gulisi umabe qala ukukudla. Imizi emincane yayihlangana ndawonye emikhulu yona yayizimela yodwa
72 njena. Kodwa kwakukuqala ukweshwama kwenkosi kuqala. Kwakuthi ngalolo suku kukhiwe imfe, amaswela, amabece, konke ukudla okusha. Kufakwe embizeni enkulu kuxutshwe nozanhleni. Sekuzophekwa kanye kanye konke ukudla. Uma sekuvuthiwe sekuzoqala umnumzane womnzi acaphune ukudla ngesinye isandla, nozanhleni ngesinye isandla. Usezoshaya ngako amadolo omabili athi, "Dolo qina, dolo qina". Usezoshaya nasezindololwa neni zombili, nasemaqakaleni womabili nawo zombili esho wona amazwi akhe ethi, "Dolo qina". Uthi ekwenza konke loku aqale ngokuhabula inkovu kazanhleni. Bese uyakhifa wonke amalunga akhe esho wona udolo qina. Kuzalandela inkosikazi emvako mnumzane, njalo beze ngokulandelana. Nongekho ekhaya uyabekelwa.

73 Ukuqagelisana.

1 Ngitshene igama lenyoka ende kunazo zonke emhlabeni = yindlela

2 Ngine nkomo engadli uma ingenamsila; idla uma inomsila kuphela = inaliti.

3 Ngamadoda amabili aphekisana njalo uma ehamba ileyo ithi yimina phambili, nenye ithi imina phambili = izinyawo.

4 Ngabantu bami abahamba zonke izinsuku nase kubusuku nase mini kabaphumuli = amanzi.

5 Kukhona umuntu owera mhla ezalwa, nanamuhla usamile = umuthi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6 Nginenqama edla nezumvu ezimhlophe ezide ziya ngaphaya nangaphaya kodwa zidla ndawonye = Ulimi namazinyo.

7 Nginempisi nenkuku, namabele. Ngifika emfuleni ugcwele, kodwa kufuneka ukuba lokhu enginakho ngikuweze ngakunye, ngiqaphe impisi ingadli inkuku, nenkuku ingadla amabele. Umangihambisa impisi
74 kuqala, inkukhu izosala idla amabele, kanti noma ngihambisa amabele impisi izosala idla inkukhu ngingakwezisa kanjani? = Ngingakuweza kanjena: Ngingathatha inkuku ngiyise ngaphesheya kusale impisi namabele, ngoba impisi kayiwadli amabele. Bese ngibuyake ngizothatha impisi. Kuthi umasengifike ngaphesheya lapho kukhona khona inkuku, bese ngithatha inkuku sengibuyela nayo emva. Ngifika lapho kukhona amabele. Ngifike ngiyibeke inkukhu, bese ngiweza amabele wanye. Ngiwayise ngaphesheya lapho kukhona khona impisi. Bese ngibuya ngizothatha inkukhu, ngiwele nayo.

8 Nginenkomo yami edla ibuye esangweni = umshanelo.

9 Nginabantu bami abane: ababili bahamba phambili, ababili bayalandela. Kodwa kabaficane neze, ngisho sebegijima kangakanani,
75 noma benukabathintani = Amasondo enqola. Nginenkosi ebusa abantu abaningi, kodwa lenkosi kayenzi nolunci, iyazihlalela njena. Isetshenzelwa abantu bayo kuphela, kodwa nayo ibenzela wonke umzamo yokuba bakuthole ukudla ngaso sonke isikhathi. Una ike-kaya banakalanoma ilanga laba linye, bakhohlwa nokuthi bazonyakaza kanjani. Kuthe ngelinye ilanga kwavela amaphekulazikhuni embusweni wayo, aphemba uthuthuva phakathi komphakathi, abantu bavukela inkosi. Bathumela izwi kuyo lokuthi kababoni bona ukuthi ingaba kanjani ukuthi iyinkosi yabo bengazange bayibeke ebukhosini = Yathi, inkosi "Bengithi nginenzela konke okufanele, nginenzela khona, ngoba nginkosi yenu, nginithanda. Kodwake ngoba kaneneliswa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yimina, ngizophuma ebukhosini, ngibuyele eceleni, nginidedele nizibuse phela. Angifuni ukuba kuze kuchitheke igazi labantu
76 bami ngenxa yami. Zibusenike Inkosi yayisibuka njalo. Kuthenanje isanda kugudluka yenzehala indaba, abantu bayo balimala, abanye bayebawela eweni balunywa izinyoka bethi bayofuna ukudla. Balamba manjena, yabaphatha kwazisa ukuthi inkosi ayisabaholi manjena ikayise ekudleni. Baqala manjena ukubona ukuthi kanti inkosi yabo lena ibibabusa kahle kakhulu. Wabehlula manjena uzibuse. Ahlangana futhi amadoda, athumela izwi kuyo esejince nga ethi acela ukuba ibathethelele abantu bayo, ibuye ibabuse futhi. Igama lalenkosi u = Mehlo.

10 Nginenkomo yami emhlophe, kodwa elala endle = Amazolo.

11 Kukhona umuntu othunywayo, kodwa kanazo izinyawo nomlomo, kephaphezu kwako konke usheshisa okokhozi akwenze omthumekhona = izwi.

77 12 Nginomuntu ohamba ngandlela nye abuye ngayo futhi, kahambi ngenye = yisicaba.

13 Nginesibaya sami esingenasango, nezikhala khona zingqibithela phezulu = Yisicoco.

14 Nginenyoka yami engavinjelwa muntu iyalapho iqonde khona = Ngumfula.

15 Nginesibani sami esivutha njalo, size sicime uma uniniso esicima = Yilanga.

16 Nginebandla lami elihlabelelayo elithi lingahubela phansi kujabe oliphetheyo = Ukuduma kwesisu.

17 Nginamabutho ami asina aphelezelane = Amadlambi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

18 Nginezi[illegible]ani zami ezimbili, ziphahle intaba = Amehlo

19 Nginomfazi wami azala ngezimbambo = Yivovo lotshwala.

20 Nginezinkomo zami zidla ehlathini elumnyama = izintwala

21 Ngineqhude lami elikhala ngesisila = isiswebu.

78 22 Nginezinkomo zami ezingena ngesango ziphumo ngentuba, umazike zaphuma ngesango kuyabatshazwa = ukudla okungena ngomlomo.

23 Nginendoda yami egiya kuwe izihlangu = umhlakuva, ngoba ubuyanyakaze noma unyakaziswa kuwe amaqabunga.

24 Nginomntanami othi angasutha athi kumina ngibambe nginye = amafinyila nekhala.

25 Nginamadoda ami amabili awela umfula ugcwele = amehlo.

26 Nginomntanami ubalekela isishiphi sikanina = inhlamvu yesibamu.

27 Ngine hashi lami alibulawa isimoliya libulawa ukuguga = ibayisikili.

28 Nginehashi lami lingena esithebeleni limhlophe liphume seliphume selivethifuthi ngamanqina = Isinkwa.

79 Imithi.

Imithi iyafana yonke indawo kubantu abamnyama, ngoba nakwa Ngwane ifana njengase selungwini nakwazulu.

Umsilingi:- Umuthi wezizwe awalethwa kuleli lakithi, okhula ubemude. Amaqabunga awo ayasiza uma uphethwe yisisu, futhi umsilinga wenza amapulangwe amahle. Uyadliwa umsilinga kodwa uyababa wona. Uyelapha noma umuntu ephethwe isisu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umhlonhlo:- Lomuthu uyingozi kakhulu. Uma uwugaula kuye kuphume inyama emhlophe akuphumaamasi kuyona. Yiwona lamasi ayingozi. Uma eke akuconsela emzimbeni ayakushisa kube khona izilonda.

80 Umnyamathi:- Lomuthi usiza njengo msilingi. Uma abantu belunywa izisu baye badle amaqabunga awo.

Umhlakuva:- Abantu bayebathathe izinhlamvu zawo, benze amafutha okuhlikihla imisendo yezidwaba.

Umkhuhlu:- Kukhona izinhlobo ezimbili zomkhuhlu, kukhona awenkunzi, owenkomazi futhi. Awenkunzi awuna zinhlamvu, kodwa owenkomazi unezinhlamvu. Amahlamvu omkhuhlu wenkomazi kuthathwa ngawo uma uphethwe yisisu.

Ugagane:- Umuthi amuhle kakhulu, awudliwa umuhlwa. Abantu bavama ukuwenza isikhonkwane. Noma ugxunyekiwe awonakali masishane. Unameva lomuthi uyahlaba impela.

81 Isibubu:- Lomuthi wenza izinkezo nezixembe. Awudabuki lomuthi.

Umdoni:- Izithelo zalomuthi ziyadliwa, zimnandi kakhulu impela ugcwele obonjeni. Lomuthi uyabazwa, futhi wenza izigqulo zokushaya izitambu.

Umvuthwamini:- Izithelo zawo ziyadliwa, abantwana bazithanda kabi. Uye ufumanise abafana belusile belibele yiwona umvuthwamini.

Uyethi:- Lomuthi uyasiza uma umuntu ephethwe umkhuhlane. Amacembe awo ayasiza impela kakhulu.

Umviyo:- Izithelo zawo ziyadliwa zimnandi impela kakhulu.

Umqaqongo:- Umuthi wokuchatha nxa umuntu enamabungane esisweni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

82 Umcuzwane:- Amahlamvu awo ayagxotshwa nxa umuntu ephethwe ikhanda aphuziswe abuye anukiswe ngawo.

Umthombe:- Kuxetshulwa amagxolo kwenziwe uzi lwokweluka amacansi.

Umngamanzi:- Kuxetshulwa amagxolo kwenziwe izintambo zokubopha izintungo zamaqhugwane.

Iqhume:- Lwenza izagila zokushaya izinyoni.

Isikhuphashane:- Izithelo zalomuthi ziyadliwa zimnandi futhi. Abafana bezinkomo bayawuthanda lomuthi.

Inqayi:- Lomuthi enezinduku ezilukhuni abafana bavama ukulwa ngawo nezinsizwa.

Iklolo:- Lenza izintungo zokwahla izindlu.

END 785.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.